



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2013

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA II
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-3

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ama-4. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Qala isiqephu nesiqephu ekhasini elisha. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayihlanganisi.
 3. Bhala izinombolo zemibuzo, wenze isiqiniseko sokuthi zihambisana nalezo ezisephepheni lokuhlolwa.
 4. Bhala ngesandla esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle nangobunono.
 5. Funda yonke imibuzo kahle ngaphambi kokuyiphendula.
-

ISIQEPHU A IZINCWADI EZIFUNDWAYO**UMBULO 1 AMAQILI: P. B. MAPHUMULO**

QAPHELA Phendula umbuzo OWODWA kule elandelayo. Phendula Umbuzo 1.1 NOMA Umbuzo 1.2.

Impendulo yombuzo ngamunye kufanele ibe yindaba eyizigaba ezine kuye kwezinhlanu ezinamagama angama-250 kuya emagameni angama-300.

Ohlolwayo uzoklonyeliswa uma eqaphelisisa lokhu okulandelayo:

- Uhlaka lwendaba olukhombisa ukuhleleka kwendaba.
- Ulimi oluhle nolunothile olusetshenziwe.
- Ukukhombisa ulwazi lwendaba engqikithini yakhe.
- Ukukhethwa kwamagama nokubhalwa kwawo.

1.1 Funda lokhu okulandelayo bese uphendula umbuzo olandela ngezansi.

Simonyo: (ukhuluma yedwa) "Ehhe! Ngahlabana mina kababa. Ngakushiya kunkemile kutholozela lokhu obekungumshayeli wale moto. Kuyophaphama ebuthongweni sengikude dadewethu kababa. Kuqale kucacelwe ngaleso sikhathi ukuthi angisilona iphoyisa lomgwaqo njengoba kona kucabanga. Ngahlabana mina qili phambana namanye amaqili. Iqili elihamba emanyathelweni kachakijana ngobuqili. Elikwazi ukuzikhotha emhlanje nasendololwaneni, lapho kungafinyeleli khona ulimi lwamanye amaqili. Ngadla mina qili lamaqili ngokuqila amaqili aseQinadolo."

Kukhona abathi umbhali unake kakhulu indikimba yobuqili kepha akakhulisanga kahle udweshu ngendlela ekholekayo ukuze indaba ihambisane kahle. Vumelana noma uphikise lo mbono uveze nezibonelo ozithatha endabeni.

[30]

NOMA

1.2 Funda lokhu okulandelayo bese uphendula umbuzo olandela ngezansi.

Simonyo: (ukhuluma imoto iduma) "Ngingakusiza ngani wakithi?"
 Njivana: (umangele) "Habe, ngibonani ngamehlo ami? Ngibona izinto, ukwefana yini? Kwangathi ngibona iSimonyo sezintombi zaseMbali nje? Hhayi ngeke! Nguye ngempela uBhudukazana vuka zakunyathela lo! UHashaza luhashahasha uqaphele zingakuhashuli lo."
 Simonyo: (uyahleka) "Hhayi bo! Nansi imihlola bo! Ngoba wazi mina nje wena mfana wakithi, bakusolani pho? Ungibone ngani kodwa ngingenampondo nje? Habe! Ithini le ndoda?"
 Njivana: (ngezwi eliphakeme, uthakasile) "Wo Hhiya! Asizishiye khona lapho-ke. Izibongo zensizwa aziqedwa ngoba zingangodumo lwayo."

Umbhali usebenzise amakhono amaningi ukuveza kahle abalingiswa kulo mdlalo. Vumelana noma uphikise lo mbono ubhekise kubalingiswa abangezansi. Sekela izimpendulo zakho ngezibonelo ozithatha endabeni.

- uNjivana
- uSimonyo
- uNombuso

[30]

UMBUZO 2 NOMBUZO 3 ICOBELO: A. M. MTHEMBU NO N. A. P. KHUMALO

QAPHELA Phendula umbuzo OWODWA kule elandelayo.
Phendula Umbuzo 2 NOMA Umbuzo 3.

Impendulo yombuzo ngamunye kufanele ibe yikhasi nengxenye kuya emakhasini amabili futhi kufanele ibe namagama angama-300 kuya emagameni angama-350.

UMBUZO 2

Funda la mazwi angezansi acashunwe endabeni ethi: "ANGIKWAZI UKUZITHETHELELA".

"Ayisekho injabulo eyake yaba khona lapha ekhaya. Noma izingane zakhe ezibuka zizinhle akusasho lutho ngoba vele yena onguyise usezokufa, bese kulandela unina wazo khona maduze nje."

Ukufezeka nokungafezeki kwala mazwi bekuncike kuMaMkhize noZwelakhe.

Bhala i-eseyi uvumelane noma uphikise lokhu okungenhla/amazwi angenhla. Sekela imibono yakho ngabalingiswa nangokuvela endabeni.

Impendulo yakho izomakwa kubhekiswe kulokhu:

- Isakhiwo.
- Ulimi oluhle olusetshenzisiwe.
- Ingqikithi ekhombisa ulwazi lwendaba.
- Ukukhethwa kwamagama nokubhaleka kwawo.

[30]

NOMA**UMBUZO 3**

Kukhona abathi indaba ethi: "IBHULUKWE LIKADANYELA" ibhaleke kahle njengendaba emfushane. Wena uthini ngalo mbono?

Bhala i-eseyi ukuphendula umbuzo ongenhla.

Impendulo yakho izomakwa ngalokhu:

- Isakhiwo.
- Ulumi oluhle olusetshenzisiwe.
- Ingqikithi ekhombisa ulwazi lwezimpawu zendaba emfushane nendaba.
- Ukukhethwa kwamagama nokubhaleka kwawo.

[30]

Amamaki angama-60

ISIQEPHU B UKUBHALELA IZIMO EZITHILE**UMBUZO 4**

Ikilasi lenu belinohambo olugcine ngokuthi kuboshwe omunye umfundi. Bhala **umbiko** oya kuThishanhloko wesikole sakho ngalesi sigameko.

Ohlolwayo uzoklonyeliswa uma eqaphelisisa lokhu okulandelayo:

- Isakhiwo.
- Ulimi oluhle nolunothile olusetshenzisiwe.
- Ingqikithi ekhombisa ulwazi lwendaba.
- Ukukhethwa kwamagama nokubhaleka kwawo.

[20]**UMBUZO 5**

Uthisha ongenalo ugazi esikoleni uyahamba ekupheleni konyaka. Beninomhlangano nihlela umcimbi wokumvalelisa. Bhala **amaminithi** alo mhlangano. Makuvele ukuthi kungani nizokuba/ningezukuba nalo mcimbi.

Ohlolwayo uzoklonyeliswa uma eqaphelisisa lokhu okulandelayo:

- Isakhiwo.
- Ulimi oluhle nolunothile olusetshenzisiwe.
- Ingqikithi ekhombisa ulwazi lwendaba.
- Ukukhethwa kwamagama nokubhaleka kwawo.

[20]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke ayi-100